

Ukubeka usuku

Yini entsha?

- **9 kuNtulikazi 2024 – Ukuthuthela kweGatsha lakwa-SARS kwenye indawo**

Igatsha lakwa-SARS elise-Bellville selithuthile lisuka ku-Corner of Teddington & De Lange Road laya ku-14 Strand Road, Bellville.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela ubheke [ikhasi legatsha lase-Bellville](#).

- **14 kuNcwaba 2023 – Ukuphuculwa kohlelo lwe-eBooking**

- Manje usungabeka usuku lokuya egatsheni ngokusebenzisa uhlelo lwe-eBooking, kanti ngaphambilini lolu hlobo lokubeka usuku belwenziwa kusetshenziswa Isikhungo Sokuxhumana i-SARS Contact Centre
- Izikhala zezikhathi ezikhona kuphela ezizovezwa ukusukela manje, ngeke isaba khona imiyalezo ethi 'isikhala sangalesi sikhathi asikho'
- Izikhala ezibekiwe zizokhanselwa ngokuzenzekelayo uma amadokhumenti asekelayo engafakiwe emahoreni angama-24, lokho okuzovula izikhala zezikhathi.

Bheka [Isiqondiso se-eBooking: Beka usuku lokuvakashela u-SARS](#).

- **4 kuNcwaba 2022 – Igatsha lakwa-SARS e-Pavilion e-Pretoria livalwe unomphelo**

Igatsha lakwa-SARS e-Pavilion e-Pretoria selivalwe unomphelo, kodwa izisebenzi ziyaqhubeka nokusiza amakhasimende. Izisebenzi zentela ziyelulekwa ukuba zibeke usuku ngokusebenzisa imigudu evamile uma zidinga usizo kwa-SARS (uma zibeka usuku zisebenzisa isizindalwazi sakwa-SARS: [SARS Booking System](#), kumele ziqhubeke zikhethe yona “Pavilion”).

- **18 kuNtulikazi 2022 – Kwenziwe lokhu kuphucula enqubweni yokubeka usuku usebenzisa i-eBooking:**

- Sekufakwe uhlelo lokubeka usuku kusetshenziswa ividiyo njengomgudu osebenzayo kubantu ngezizathu ezithile.
- Sekufakwe umthetho wakamuva: Abakhokhintela bangakhetha nayiphi indawo.
- Umthethomvama uthi, izikhala zingakhethelwa usuku nesikhathi esevile ezinsukwini ezingama-60 kusukela ngosuku okwenziwa ngalo lokho noma esingaphambili ngamahora angama-48 kusukela ngosuku okwenziwa ngalo lokho. Umthetho wamahora angama-48 ulungiselelwe ukulekelela amagatsha akwazi ukuba nesikhathi sokuhlela izikhathi azobona ngazo abantu kulelo sonto. Uma i-eBooking yenziwe ngoLwesine emva kwehora lesi-4 ntambama noma ngoLwesihlanu, uMgqibelo noma iSonto, uhlelo luzovumela umkhokhintela ukuba abone futhi akhethe izikhala ezikhona kusukela ngoLwesibili olulandelayo. Amaholide omphakathi awabalwa lapho kubalwa umthetho wamahora angama-48.

Qaphela: Lolu sizo ukwazi ukuluthola uma uyibhalisele intela.

Uma usuyibhalisele intela kodwa ufuna ukubeka usuku?

Zintathu izindlela zokubeka usuku uma ungumkhokhintela obhalisiwe:

- Shayela i-SARS Contact Centre ku-0800 00 7277 bese ukhetha inketho 0 (zero). Isisebenzi sakwa-SARS sizokubeka usuku egameni lakho.
- Thumela i-SMS ku-47277 (iSARS) enale mininingwane ibhalwe kanje: *Booking (Space) ID number/Passport number/ Asylum Seeker number*. Lolu sizo lwe-SMS lutholakala kuphela kubakhokhintela/abameleli ababhalisiwe ababhalise iNtela Yengeniso Lomuntu (i-PIT). Lolu sizo alutholakali kuzisebenzi zentela. [Funda kabanzi](#).
- Qhubeka naleli fomu la-onlayini bese ucofa isixhumanisi ngezansi kwaleli khasi elithi 'Click here to open the booking form in a new window'.

Amagatsha angqhimukhowe namaYunithi Entela Angomahamba nendlwana (MTU's)

Kuzoya ngokuthi isidingo singakanani, amagatsha angqhimukhowe namayunithi entela angomahamba nendlwana (MTU's) kuzokwenzelwa izinsuku nesikhathi esithile ukusiza abakhokhintela ezindaweni ezifana nezinxanxathela zezitolo, izikhungo zokuthenga, njll. Amagatsha angqhimukhowe kanye nama-MTU kuzokwenzelwa labo abangabekanga usuku. I-SMS eqinisekisa izoqinisekisa indawo yegatsha elingqhimukhowe noma Iyunithi Yentela Engomahamba nendlwana. Ukuze ubone isheduli Yamayunithi Entela Angomahamba nendlwana, [cofa lapha](#).

Yini okumele uyazi uma ubeka usuku lokusivakashela?

- Sicela usho ukuthi usuku olubekayo olwakho, umelele omunye, uyisisebenzi sezentela, noma uyibhizinisi elincane, elimaphakathi nelikhulu (SMME).
- Abakhokhintela baseNingizimu Afrika kuphela abazokwazi ukucela usuku lokuzosivakashela. Abasebenzisi abangabhalisiwe bazodluliselwa kusizindalwazi se-eFiling ukuze babhalise.
- Uma sihluleka ukukuqinisekisa njengomkhokhintela obhalisiwe, omelele noma isisebenzi sezentela, angeke ukwazi ukubeka usuku lokuzosivakashela.
- Sicela uqinisekise ukuthi ufaka imininingwane yakho njengalokhu ibhalisiwe kwa-SARS, kungenjalo uhlelo esilusebenzisayo ngeke lukwazi ukuqinisekisa imininingwane yakho.
- Labo abangebona abaseNingizimu Afrika bazovunyelwa ukubeka usuku besebenzisa izinombolo zephaphothi/nezezimvume zabokufika. Abahlali base-SA kumele basebenzise izinombolo zomazisi babo ukubeka usuku.
- Sicela uqaphele ukuthi kumele usinike inombolo yeselula esebenzayo kanye/noma nekheli le-imeyili.
- Usuku olukhethayo alukwazi ukuba ngaphezu kwezinsuku ezingama-60 ngaphambi kokuba lufike. Usuku oluseduze ozokwazi ukuluthola lungaba semahoreni angama-48 ukusuka ngosuku obeka ngalo usuku.
- Ungakhetha isikhala sesikhathi esisodwa kuphela uma ubeka usuku.

- Ukubeka izinsuku zokulandelela noma ezilandelelanayo (block bookings) akuvumelekile.
- Uma usuku seluqinisekisiwe uzothola isiqinisekiso esisemthethweni nge-imeyili noma nge-SMS, esizoba nenombolonkomba.
- Uma ubeke usuku uzoshayelwa ngevidiyo/ucingo, ngosuku lolo:
 - I-ejenti yakwa-SARS izokushayela ucingo bese ikulekelela ngombuzo wakho.
 - Sizozama ukuqinisekisa ukuthi wonke amakhasimende afike ngesikhathi azosizwa ngesikhathi leso esibekiwe.
 - Amakhasimende afike emva kwesikhathi angase alahlekelwe isikhala leso abesibekile, bese kudingeka ukuba abeke usuku olusha.
- Uzobekelwa usuku ne-ejenti ethile kanti ngeke uvunyelwe ukucela usizo kwenye i-ejenti, ngaphandle uma kubekwa olunye usuku.
- Sicela uqinisekise ukuthi uwathumele wonke amadokhumenti esekelayo, ahambisana nombuzo wakho, usebenzisa ezobuchwepheshe uma uzosizwa ngokushayela ucingo noma ngevidiyo, ngaphambi kosuku nesikhathi sosuku olucelile kungenjalo u-SARS angase angakwazi ukukusiza ngombuzo wakho.
- Uma udinga ukuthumela amanye amadokhumenti asekelayo emva kokuba usuku seluqinisekisiwe, ungawathumela lawo madokhumenti ngokusebenzisa i-[SARS Online Query System](#).
- Sicela ubone amadokhumenti asekelayo adingekayo ngokombuzo wakho othile lapha. [ubone amadokhumenti asekelayo adingekayo ngokombuzo wakho othile lapha](#).
- Uma usuku selubekiwe, uzokwazi ukuthola usizo ngokugcwalisa ifomu ngemininingwane ngentela yengeniso i-ITR12 ngokusebenzisa usizo lokucela ukushayelwa ucingo.
- Ukuze ukhansale usuku oselubekiwe gcwalisa ulwazi lomfakisicelo. Usuku olukhona lokuvakasha luzovela esikrinini. Cofa ikinobho elithi 'delete' ukuze ukhansale usuku olubekiwe.
- Kunconywa ukuba usebenzise u-Google Chrome, Microsoft Edge, Firefox noma Safari ukuze uthole ifomu lokubeka usuku HHAYI i-Internet Explorer.

Sicela uqaphele: uhlelo lwe-eBooking lwenzelwe izinqubo lezi ezingakazenzekeli ngokuphelele. Kumele ukhethe isizathu esiyisona ohlwini olwehlayo, lapho ubeka usuku. Uma isizathu ofuna ukusifaka singekho ohlwini olwehlayo – kusho ukuthi leyo nqubo ingenzeka ngokusebenzisa izinqubo zobuchwepheshe (eFiling, SARS MobiApp, e@syFile)

Cofa lapha ukuvula ifomu lokubeka usuku ekhasini elisha

Ukuthola leli khasi ngezilimi ezahlukene cofa amakhonco angezansi:

- [IsiZulu](#)
- [Sesotho](#)
- [Afrikaans](#)
- [Sepedi](#)
- [Xitsonga](#)